

KUBUHLUNGU UKUBONA UMUNTU WESIFAZANE EHLU- KUMEZEKA NGOBA UPHELELWA UKUZETHEMBA



Baningi abantu abangahlukumeza umuntu wesifazane isibonelo kungaba ubaba wekhaya, izingane azizalayo uqobo, abomndeni wakhe, umphakathi akhe nawokanjalo nasemsebenzini.

Kodwa kubalulekile ukuthi sazi imiphumela uma usumhlukumezile ukuthi kungenzakalani kuye.

Angalimala emzimbeni, omunye angagcina esehanjelwe nayingqondo, futhi ziningi izifo ezin-gamhlasela njengo shukela ne BP, isikhathi esiningi omunye uyahluleka ukumelana nenkinga yokuhlukunyezwa aze acabange ukuthi ukuzibulala kungaba yisu elingcono.

Sizwe sikaMthaniya, kuningi okuhle esingakwenzela umuntu wesifazane okungathokozisa inhliziyo yakhe ngisho noMdali wethu, njengokumnika uthando lapho eludinga, sihleke naye uma ehleka sikhale futhi naye uma ekhala.

Ngiyacabanga ukuthi emhlabeni wonke sakhile akekho umuntu obaluleke njengomuntu wesifazane. Umuntu wesifazane nguye owenza ikhaya lifudumale futhi nguye ongalibhidliza.

**Wathinta abafazi wathinta im-
bokodo!**



U Mrs. M. Buthelezi obhekelele izindaba zabantu besifazane nokugula ngokwengqondo.

U August inyanga ebaluleke kakhulu kubantu besifazane njengoba kuyinyanga yabo.

uMrs Margret Buthelezi obhekene nezindaba zabantu besifazane nokuhlukunyezwa kwabo kwisiFunda saseZululand uthi udaba lokuhlukumezeka kwabantu besifazane lusithinta sonke njengezakhamuzi zakuleli. Eghuba uthi **“kubuhlungu ukubona umuntu wesimame ethola ukuhlukumezeka ngoba ug-cina esephelelwe ukuzethemba”**.

Ziningi izindlela abesifazane abathola ngazo ukuhlukumezeka. Ngesinye isikhathi uthola ehlu-kumezeka ngokomzimba, lapho eshaywa khona ngoba engakwazi ukuzivikela.

uNkulunkulu wamdala umuntu wesifazane wamupha amandla alingene naye angeke efaniswe nomuntu wesilisa yingakho ke umuntu wesimame eshayeka kalula.

Omunye engahlukumezeka ngokomphefumulo lapho khona ethukwa noma kushiwo izinto ezizomphatha kabi emphefumulweni wakhe. Abanye bathola ukuhlukumezeka ngokocansi lapho umuntu wesilisa ezolala nomuntu wesifazane ngaphandle kokuvumelana kuqala ukuthi baye ocansini.

Kubalulekile ukuthi umuntu wesifazane enakekelwe futhi ephathwe kahle ezizwele naye ukuthi uyinzalabantu ngoba lokho kuyamkhombisa ukuthi ubaluleke kanjani emndenini wakhe kanjalo nasemphefumleni.

USAQHUBEKA KAHLE UMKHANKASO WOKUSOKA ESIFUNDENI SASE ZULULAND

UMnyango WeZempilo eZululand uphinde waba nenkambu yokusoka izinsizwa yezinsuku ezimbili kusukela mhla ka 1 kuya ku 2 July 2010 eMthashana FET College kwaNongoma. Akugcinanga lapho njengoba kuphinde kwasokwa eDumbe.

Inkambu ebibanjwe kwaNongoma ibibhekelele kakhulu abafana abaphakathi kuka15 kuya ku 25 weminyaka ukuze banikezwe isikhathi eside bakwazi ukuphola njengoba kade kusalwe izikole.

Lenkambu ibihanjelwe uNgqongqoshe WeZempilo KwaZulu Natal uDr S Dhlomo, Dr S Shabalala ongamele iMale Medical Circumcision kwisifundazwe sase KZN, iMeya yakwaNongoma uCllr SC Mathaba, UNdlunkulu weSilo Samabandla sasendlini yasoSuthu, odokotela bazonke izibhedlela kulesifunda kanjalo nabasebenzi ababephume ngobuningi babo.

Izinkulumbo zosuku bezibhekiswe kakhulu ekuziphatheni kwezinsizwa.

uNgqongqoshe ubakhuthaze kakhulu abafana ngokuziphatha okuhle emphakathini kanjalo nokuhlonipha abantu besimame bangababoni njengezintombi kodwa bababone njengodadewabo.

“Lendlela yokuziphatha eseni-ithathile niqhubeke nayo bantabami” kusho uNgqongqoshe. Uqhube wathi umuntu omusha kuqala wayegiya ngomkhonto kodwa manje sekumele bagiye ngamapeni ukuze kuqedwe



uNgqongqoshe u Dr S Dhlomo, U Dr S Shabalala kanye no Dr Mchunu emkhankasweni wokusoka kwabesilisa owabe uhlelwe e Mthashana endaweni yakwa Nongoma.

ububha emakhaya nokuzibandakanya ezidakamizweni kwentsha.

Ungqongqoshe uthethe uma usosikiwe akusho ukuthi awulitholi igciwane ngakho ke izinsizwa azingabhukudi kwesinengwenya isiziba.

UNdlunkulu uhambe emazwini kangqongqoshe uthethe iSilo Samabandla onke siyithokozelele indlela okuthathelwe ngayo phezu ukusoka futhi ubonge ukuhlonishwa izinsizwa ngokufika ngobuningi bazo ukuzoqhuba lelisiko lokusoka elaqala ngesikhathi senkosi uShaka.

UNdlunkulu ugcizelele elokuthi izinsizwa azikugweme ukudlalela ocansini ngoba lokho kunqanda amathuba okutheleleka ngesifo sengculazi nezifo zocansi. Uthe ukube uyazenzela ubezothi zonke izinsizwa aziphile futhi zihambe ngendlela kaSomandla ukuze zihambe ngokuwuhlonipha

umhlaba uJehova abanike wona. Uqhube wathi indoda eqotho ileyo ezihloniphayo futhi enakekela odadewabo.

Ukufundisa izinsizwa ngokuziphatha kuqhubekile ngosuku lwesibili njengoba bekukhona nabenza izikeshi zakwa Love Life ne Brother for Life.

Wonke umuntu ubevumelekile ukubeka uvo lwakhe kanti uMrs N Masindane ongamele ezesifo sengculazi eZululand ubesiza abasokwa ngemibuzo abebenayo ephathelene nesifo sengculazi. Kuqhume elikhulu ihlaya ngenkathi omunye wezinsizwa ebuza ukuthi isetshenziswa kanjani ikhondomu yabesifazane. Uhlelo luhambe kahle futhi abafana bebebukeka beluthokozela kakhulu lolusuku besebekhohliwe ngisho nangezinhlungu. Abaphathi besiFunda saseZululand bephelele bonke ukuzoseka abafana osukwini labo



LUCKY KHUMALO NEEDS NO INTRODUCTION



Lucky Khumalo – Assistant Manager: Rehab and Disability

It is a sad Month indeed at Zululand Health District office as we say goodbye to someone who was a friend and a colleague. Lucky Khumalo needs no introduction although to those who might not know him.

After completing his matriculation in 1996 at Masibumbane High School he went to Medunsa School of Medicine where he did BSC Physiotherapy. In 2003 he joined the Department of Health at Ceza Hospital as a Community Service

work and later was employed permanently until 2005. He was then promoted in January 2006 at Nkonjeni Hospital as a Senior Physiotherapist.

Later in June he was promoted again at the Zululand District office as an Assistant Manager in Disability and Rehabilitation until 2010. He is leaving the Department as he has decided to concentrate more on his private practice which is at his hometown Ulundi. He has always dreamt of making a success hence that is

why he has decided to resign from his duties as a public servant to pursue his dream. During his stay at Zululand District office Lucky has made many friends and he has met clients who are very close to his heart.

He said he cannot imagine himself without old people as he was always doing home visits, taking care of them and also giving out wheelchairs to those who are in need.

It is very hard for Zululand District Management and staff but Mr Khumalo's decision must be respected hoping he will be seen in anytime as he is willing to work with the Department on voluntary basis.

At Zululand District office we have grown to love and respect Lucky as a colleague and as an individual and he will be dearly missed by everyone including all the Institutions around Zululand District that he has worked with during his stay.

We hope the path he has chosen will be benefiting to him and to his family as a whole and may he be blessed in everything that he does. **SIYABONGA MBHOBHO**

ZIQHUBEKA NGENDLELA IZINHLELO ZIKA KHANYA AFRICA E-ZULULAND

Lusaqhubeka ngendlela okwakhulelwe ngayo uhlelo luka Khanya Africa kwisi Funda sase Zululand.

Nakuba iminingi imikhankaso okumelwe ifezwe uMnyango weZempilo kodwa awukhohlwa ukulokhu uphuma ngaso sonke isikhathi uhambisa usizo ikakhulukazi kumphakathi owakhele

Izindawo zasemakhaya nohlwempu. Izinhlelo zika Khanya Africa zisaqhubeka ngendlela ayehlele ngayo amavolontiya njengoba kade kuvakashelwe indawo yase Thokazi kwaNongoma ngomhlaka 24 July 2010 kuzophinde kuyiwe Okhukho eMahlabathini ngomhlaka 11 September 2010. Lesi siFunda sihlele ukuya naseCandover oPhongola ngawo u September

ikwaPhucuka eVryheid ngomhlaka 19 November 2010 kanti kuzobuye kubuyelwe kwa Nongoma eMthwadlana nase Ngolotshe ngomhlaka 09 October 2010 nangomhlaka 12 February 2011. Lokhu kufezekisa ukuthi loMnyango **ulwa Nobubha ulwe Nezifo unike Ithemba .**



SIXOXA NGEZITHOMBE

UPHINDE WABA IMPUMELELO UMKHANKASO WOKUSOKA KWA-MADODA KWANONGOMA EMTHASHANA



Ezinye zezinto ezazisetshenziswa enkambini yokusoka eMthashana FET College kwa Nongoma.



Wayezihayisa kanje ingoma izinsizwa uNgizwenkosi Mchunu wasoKhozini FM ngenkathi kunenkambu yokusoka kwezinsizwa.



uDr Sibongiseni Dhlomo, Dr Shabalala no Dr Mchunu abanye bodokotela ababeyingxenywe yabafaka isandla ekusokeni kwezinsizwa.



Wawungafunga ukuthi useniziqu zobuthishela uNgqongqoshe ngenkathi eyala futhi efundisa izinsizwa ezaseziqedile ukusoka indlela efanele yokuziphatha uma uyinsizwa .




iMeya yakwaNongoma uCllr SC Mathaba ethula inkulumbo yakhe yosuku ebhekise kubafana ngokuziphatha okuhle emphakathini futhi wagcizelela nenhlonipho.



Ungqongqoshe uDr S. Dhlomo, Dr A. Ramkisson, Dr Shabalala noMphathi wesiFunda saseZululand uMrs Memela bexoxa ngezinhlelo zalolusuku.

2010 FIFA WORLD CUP



Zululand Health District staff committed themselves in supporting **2010 FIFA WORLD CUP**. Football Friday was promoted and staff members are still wearing their jerseys. **“ IT WAS HERE”**

A MASSIVE EYE CARE MONTH AWARENESS

The Department of Health, Disability and Rehab Desk in partnership with KZN Blind and Deaf Society is planning a massive Eye Care Month Awareness in Zululand Health District from the 21st September to the 7th of October 2010.

KZN Blind and Deaf Society is a governmental organization that was established in 1936 to serve the needs of people who are blind and those that are deaf in KZN. The vision of this organization is to empower people in this category of disability to achieve maximum independence socially, educationally, spiritually and economically.

The organization deploys community based Rehabilitation team comprising of an orientation and mobility specialist and 6 field workers. They train people who are blind to do things on their own in their communities. Currently training is in Ulundi and Nongoma. On the 7th of



Blind and Deaf Society staff and Lucky Khumalo for Dept of Health Zululand Health

October 2010, people who are blind will hold a march from the new Complex at Ulundi Plaza to Morkels Plaza where they will showcase their talents and skills acquired through these interventions.

People who are blind have been trained in such a way that they are used to doing their things in their way without being helped and they are comfortable with who they are. This march will

Showcase that. They are brave individuals because it takes courage and discipline for someone who is physically challenged to be able to do this and everyone one of us can actually learn something from them whether you are physically challenged or not.

We urge Zululand communities to come and give support to this worthy initiative.

“WE WILL GAIN MUCH MORE EXPERIENCE”



Skhumbuzo Nto mbela

The Zululand Health District office has been joined by two Data Captures whose journey started in 2007 where they were doing their voluntary work .

They did not give up on their dream of getting a permanent job as today we are witnessing their dream coming true. In August they were officially appointed. We asked them how they felt to be part of this organization and this is what they said:It is a great privilege for us to be part of Zululand

Health District Office and it has put a big smile on our faces just being here. Hopefully we will work together as a team by changing some ideas, using the experience we have acquired from the previous job.

We know that we will gain more experience and we will be exposed to how data is managed and recorded. Finally, we want to thank the Management of Zululand Health District Office for granting us the opportunity to be part of their staff.



Nozipho Nzuzwa

ENVIRONMENT CELEBRATION DAY– ENVIRONMENTAL HEALTH

Environmental Health: Is a component that deals with the prevention of diseases before occurring from the entire community. There is a say “prevention is better than cure” Zululand Health District held an event at Nkunzana Area because of a high rate of diarrhea which affected all age groups. Relevant stakeholders were invited to this celebration like local community members, community health workers, local councilors, indunas, PHC members etc. These are some of the topics that were discussed during the event.

Local Water Purification

- There was a video show on water purification.
- Water purification was demonstrated to the audience i.e. take 20/25 Litres container filled with water, pour 1 teaspoon of regular Jik and leave it for two hours then drink its safe.
- Jik kills pathogenic bacteria which could cause diarrhea.
- Keep purified water in a clean and closable container.

Waste Management

- Accumulation of waste on the yard surface renders the surface unsightly, smelling, encourage breeding place for flies and other vermin.
- Encourage to provide refuse containers in their homesteads and the schools.
- Provide refuse pit where to dispose all the refuse burn or bury.



Mr S.H Zondi– Environmental Health Practitioner

- Mini clean up campaign was conducted within the school premises.
- 250 Pamphlets were distributed to the audience.

Food Hygiene

- Ten school vendors were inspected and found that they were selling cooked food and fruits. They were invited to this event. Video on food hygiene was played to the audience.
- Demonstration on Tippy Tap, take two litres empty juice/drink bottle, pour water, pour liquid soap close with lid and make a small hole with a 2” nail. Tilt the container then you wash your hands.
- Encourage to wash all their fruits before selling to the public.
- Provide refuse container, like empty carton or used shop plastic bag.

- Keep the area of operation clean all the time, clean before the start of the day and after the day.
- Sell wholesome food and fruits to the public.
- Buy stock from reliable source and check expiry dates.
- Protect food from dust flies and other vermin.

Hand Wash Campaign

- Demonstration was conducted on effective hand washing.
- People must wash their hands before touching food, eating, breast feeding and after the use of toilet, change of nappies, and after handling the rubbish.
- Keep your nails clean and short.
- 250 posters were distributed to the audience.